# UKUKHOKHA

## Yini Entsha?

- **14 kuMbasa 2020 - Ukuncishiswa emkhawulweni wenani elikhulu lesheke kusukela mhla 1 kuNhlaba 2020**

Kusukela mhla lu-1 kuNhlaba 2020, Inhlangano yeziNkokhelo eNingizimu Afrika i-PASA izonciphisa inani elikhulu lesheke elingakhishwa lisuke enanini elikhona manje elingu-R500 000 liye ku-R50 000. Sicela uqaphele ukuthi kusukela ngalolu suku kuya phambili izinkokhelo zamasheke angaphezulu kuka-R50 000 angeke zamukelwe. Ngokwemithetho ye-PASA,  ukukhokha ngamasheke ehlukene inkokhelo eyodwa ngenxa yokuzama ukumelana nalo mkhawulo omusha wokukhokha ngesheke angeke kwamukeleke, isib. ukukhipha amasheke amabili enani lika-R50 000 ngalinye ukuze wenze inkokhelo ka-R100 000.

Ukuze sehlise ingcindezi emagatsheni amabhange ngesikhathi senhlekelele ye-COVID-19, sithanda ukugqugquzela abakhokhintela ukuba bagweme ukukhokhela u-SARS ngokheshi noma ngesheke kodwa basebenzise izindlela zokukhokha ku-inthanethi ngokusebenzisa i-eFiling noma i-EFT.

## Izindlela zokukhokha

Okwamanje ziningi izindlela ezikhona ongazisebenzisa uma ufuna ukukhokha kwa-SARS:

**1. Ebhange**

Izinkokhelo zakwa-SARS zingenziwa kulawa mabhange alandelayo: Absa, FNB, Nedbank, Standard Bank kanye no-Capitec.

Sicela usebenzise umazisi oyiwo walowo ohlomulayo kanjalo nenombolonkomba yokukhokha (PRN) eyiyo.

**Isungqangi:** Izinkokhelo zeNtela yoMgibeli (APT) zona zingenziwa emagatsheni akwa-Absa, Nedbank, FNB nase-Standard bank kuphela.

**2. Ukukhokha nge-eFiling**

Abakhokhintela bayelulekwa ukuba babe ne-credit push engeyona impoqo noma basebenzise enye yezindlela zokukhokha zakwa-SARS.

Nge-*Credit push*, kukhokha wena njengomnikazi we-akhawunti yasebhange. Uma ukhokha kwa-SARS, eFiling izothumela isicelo sokukhokha ebhange lakho esizibe siveza inani okumele likhokhwe emkhiqizweni ofanele wasebhange.

Umkhokhintela ube esegunyaza lesi sicelo imvamisa ngokusebenzisa umkhiqizo ofanele wasebhange. Lokhu kube sekukhipha umyalelo oya ebhange ukuba likhokhele abakwa-SARS.

Izinkokhelo ze-*Credit Push* azikwazi ukuhlehliswa kanti futhi zingenziwa kuphela uma umnikazi we-akhawunti enayo imali elingene. Ithransekushini ye-Credit Push ingakhanselwa kuphela uma ibingakaphasiswa. Thola kabanzi lapha.

Lawa mabhange alandelayo angasetshenziselwa ukukhokha nge-eFiling : Absa, Bidvest Bank, Capitec Bank, Citibank, FNB, HSBC, Investec, Nedbank, Standard Bank, Standard Chartered, Mercantile Bank, AlBaraka, Sasfin kanye ne-HBZ.

**3. Ukudlulisa Imali Bunyazi (EFT)**

Izinkokhelo zingenziwa ngokusebenzisa i-inthanethi ebhange ngokusebenzisa uhla oselufakiwe lwabahlomulayo abahlinzekwe yibhange. Konke okwazisa abahlomulayo bakwa-SARS baqala ngombhalo othi “SARS- <Tax Type>”. Zonke izinkokhelo ezenziwe nge-inthanethi kumele zisebenzise inombolonkomba eyiyo ukuze kuqinisekiswe ukuba abakwa-SARS bayakwazi ukuhlonza inkokhelo yakho bese beyifaka ku-akhawunti yakho. Angeke ukwazi ukukhokha uma usebenzise inombolonkomba engeyiyo.

Lawa mabhange alandelayo eseka le ndlela: ABSA, AlBaraka, Grobanks Ltd (ayaziwa nge-Bank of Athens), Capitec, FNB, HBZ Bank, HSBC, Investec, JP Morgan, Mercantile Bank, Nedbank kanye ne-Standard Bank.

**4. Egatsheni loMnyango wokuThelisa lakwa-SARS**

- Emagatsheni akwa-SARS - asisayemukeli imali engukheshi noma izinkokhelo ngamasheke. Izinkokhelo zemali engukheshi kanye namasheke eziya kwa-SARS zingenziwa ebhange njengoba kuvezwe ngenhla.
- Amagatsha oMnyango wokuThelisa nentela yempahla - izinkokhelo zemali engukheshi kanye namasheke kwemukelekile.

**5. Izinkokhelo zasemaZweni angaphandle**

Sicela uqaphele: Le ndlela yokukhokha kumele isetshenziswe kuphela abakhokhintela bangaphandle uma zingekho ezinye izindlela zokukhokha noma imigudu yokukhokha ekhona isib. uma bengakwazi ukukhokha besebenzisa i-eFiling, ukubhange nge-inthanethi (EFT) noma ukukhokha ebhange.

**Isungqangi:** Uma umkhokhintela wangaphandle ene-akhawunti yasebhange yaseNingizimu Afrika, akakwazi ukusebenzisa le ndlela yokukhokha.

Izinkokhelo zingenziwa nge-inthanethi ku-akhawunti yasebhange yakwa-SARS besebenzisa umyalezo 103 we-Swift kanye nembolo eyazisa ohlomulayo/inombolo ye-akhawunti "SARS-FOR-999". Yibhange lakwa-FNB kuphela eleseka le ndlela.

## Ngabe udinga olunye ulwazi?

Ngolwazi olwengeziwe ngemithetho yokukhokha kwa-SARS, sicela ubheke uhla lwamadokhumenti okukhokha ngezansi.

| Top Publications |
| --- |
| Completion of DA 70 |
| Guide on Account payment process |
| Guide to Bulk and Additional Payments on eFiling |
| SARS Payment Rules |
| Guide to the Payment Advice Notice functionality on eFiling |